# Dikgang tse di Khutshwane - IziNdaba eziFingqiweyo

# tsa Kereke ya Lutere- zekerike ngokobuLuthere

May 2014 (Zulu)

Kuyathenjwa ukuthi leziNdaba ezifingqiweyo zizofika kini phambi kutka**May 18** ukuba kwaziwe ngalelisonto elithiwa Kantate ukuthi ngalolusuku kuzogutshwa **umkhosi wobuthunywa eUP**, kwenzeke noma ningaphumeleli ukuya khona emkhosini wemishane esifundamfundisi omkhulu saseGoli, kucelelwe lomkhosi isibusiso seNkosi emabandleni onke eKerike lakithi, kube isikhumbuzo sokuthi ibandla likaKristu liphansi komyalo kaKristu ukwenza izizwe zonke zibe ngabafundi bakaKristu, nokucelela ukuvuna okukhulu kweNkosi ukuthuma izisebenzi ekuvuneni kwayo.

**Isimemo esiqondene nomhlangano wesinodi**

Ngomhla ka 29 January 2014 umbh. uDr. K. P. P. W. Weber wabhalela abafundisi abakhulu, nabafundisi, namalungu eKerike lakithi lesimemo ngokubafisela bonke umusa, nokuthula okuvela eNkosini noMsindisi uJesu Kristu, ngokwazisa ukuthi umhlangano wesinodi kulomnyaka uzohlangana ngo-8-11 December ... (ngokwamanje kuthiwa: eWartburg, kwaZulu/Natali) phansi kwenhloko ethiwa: “Bhekani, iNkosi uJehova iyeza ngamandla!” Isaya 4:10. Uyacela ukuba ngezinyanga zonke kucelelwe lomhlangano ngokuthembeka, ezindaweni zonke emikhulekweni yamabandla umhlangano ukuba ulungiselwe kahle kakhulu ngemihlangano eyakuhlangana ukuba umhlangano wesinodi lekerike lonke lakithi lungiselwe kuzo izifunda zabafundisi abakhulu eBotswana ngo-October 18, eGoli ngo-October 25, ngoNovember 1 eNtshonalanga, ngoNovember 8 eMpumalanga. Kwafiselwa bonke isibusiso emsebenzini wokukhonza abantu bakaNkulunkulu ababizelwe bonke emsebenzini yiNkosi yethu ethandekayo uJesu Kristu.

**Ukubizwa komfundisi ozosebenza phakathi kwabafundi beyunivesithi yasePitoli (UP) eTshwane**

Kwamenyezelwa emaphepheni emishane yaseBleckmar (eMissionsblatt) nakuyo eFELSiSA (Bekennende Lutherische Kirche) ukuthi umf. uJacob Corzine ubiziwe ukuba abe ngumfundisi esikhundleni sakhe esithiwa “campus minister” emsebenzini we”students’ ministry”. Ephepheni lemishane kwalandwa ukuthi ngokuqala kuApril umf. uJacob Corzine

uyakuba ngumfundisi wendodakazi yemishane ethiwa “Mission of Lutheran Churches” (MLC) eNingizimu Afrika, nokuthi umongameli wemishane umf. uRoger Zieger nommeli weMLC ezweni lakithi ngokomthetho umf. uChrisotph Weber babehlangana naye eMelika, kwasayinwa ngakhona isivumelwano phakathi komfundisi omusha lowo neMLC esithi uzosebenza emsebenzini ePitoli/Tshwane osekelwa ngamabandla amabili akithi ngakhona, elisekholishi nasebandleni elithiwa St. Paul, kanye neMLC neFELSiSA, neALM eliyinhlangano elthiwa “Arcadia Lutheran Ministries”. Umphathisihlalo weALM ungumn. uWalter Stallmann, indodana yomf. uGottfried Stallmann. Kuthiwa lesisivumelwano siqondene kuqala neminyaka emithathu, kodwa ithemba likhona lokuba landiswe sibe namandla iminyaka eyisithupha. Ephepheni leFELSiSA kuyaphawulwa nenani lemali eyathenjiswa yiFELSiSA, neMLC namabandla amabili eArcadia ukuthi bazosekela lomsebenzi ngemali engakanani kuleminyaka. Emaphepheni amabili kwalandwa ngesidingo esivelile ukuba kuqalwe ngomsebenzi onjalo ngokukhomba ukuthi kukhona abafundi abaningi eUP abazibhalele khona ngokuphawula ukuthi bangamaLuthere, kuyakhulunywa ngabafundi bezinkulungwane, kodwa kwaziwe ukuthi bayingcosane phakathi kwabo abasonta emabandleni amaKerike ngokobuLuthere akhona eTshwane, noma kwathenjwa ukuthi ngamaholide labafundi basasonta emakhaya akubo. Nokho kwacatshangwa ukuthi kuyadingeka ukuba kube khona umfundisi ozakubelusa labafundi ngokubafuna nokubahambela besafunda khona eyunivesithi ngethemba lokuba ikerike ngokobuLuthere lingalahlekelwa ngabasha balo kakhulu kulabo abaqhubekile ngokufunda kwabo. Khona ePitoli kukhona izinhlangano zabasha abakhuluma izilimi zakubo, kodwa phakathi kwalabo beyunivesithi kukhona abaPedi, nabeSuthu, amaNdebele, amaXhosa, amaSwazi, namaShangane, nabo abaqhamuka eMalawi, Mozambique, eZimbabwe, eZambia, naseKhongo, bakhuluma izilimi zabakubo. Yibo okwathenjwa ngabo ukuthi umfundisi wakithi ozosebenza ngesiNgisi uzophumelela ukusiza labo. INkosi mayiphelekezele, ibusise umsebenzi wakhe!

**Nokunye okwalandwa ngakho ephepheni lemishane yaseBleckmar**

**Umongameli weLKM** (Lutherische Kirchenmission), umf. uRoger Zieger nomf. uChrisotph Weber, ummeli ngokomthetho ezweni lakithi weMLC (Mission of Lutheran Churches) **babevakashela “Mission Center”** eIowa eMelika, khona babehlangana nomphathi waleli”Mission Center” umf. uGary Thies ukuba kuqiniswe ukusebenzelana phakathi kwalenhlangano eKerikeni elithiwa LCMS nemishane ethiwa LKM esekelile umsebenzi

wekerike lakithi lapho ezweni lakithi, naseBotswana, naseSwazini kwase kuqaleni kuze kube namuhla, kakhulu nomsebenzi wekholishi lekerike lakithi. Kwabikwa **ngomf. uChristian Tiedemann** ukuthi uzobuyela eJalimane ekugcineni kwalomnyaka ukuba asebenze ebandleni lekerike elaziwe ngegama elithi “Selbständige Evangelisch Lutherische Kirche” (SELK). Kusho ukuthi kuzophela umsebenzi wakhe ebandleni elithiwa “Our Saviour” eWartburg, nomsebenzi wakhe ngokusiza ebandleni lasePella.

**Ngenhlangano ethiwa “The Lutheran Heritage Foundation” (LHF)** kumenyezelwa ukuthi **umf. uMatthew Heise** uzongeniswa esikhundleni sokuba “executive director of LHF” ngomhla ka 6 April. Uyangena esikhundleni somf. uJames (Jim) Fandrey, owabizelwa ebandleni lekerike lakubo LCMS esesebenzile isikhashana kuphela kulomsebenzi. Umf. uDr, Robert Rahn wasebenza kulesisikhundla ukudlula iminyaka engu-20 kwase kuqaleni kwalenhlangano eyaqalwa eLCMS ukuba kusizwe emazweni amaningi ukuba kusakazwe izincwadi ngokwesifundiso seKerike ngokobuLuthere ngezilimi zabantu kakhulu eAfrika,, njengesiTswana nesiZulu, ngokusiza amakerike ukuba bathole izivumo zeKerike ngokobuLuthere, izihlabelelo, namaKhathekisemu nezincwadini ezinye ngezilimi ezikhulunywa kuwo. Siyamfisela umf. uMatthew Heise ukuba iNkosi imbusise emsebenzini wakhe, njengalokhu ibusisile abafundisi angena esikhundleni sabo. Futhi siyabonga iNkosi esiza njalo ngabasha abazoqhuba umsebenzi omuhle owaqalwa ngabanye. Kanjalo siyethemba ukuthi kuzotholwa umfundisi omunye ozoqhuba umsebenzi owaqalwa khona eWartburg ebandleni elithiwa “Our Saviour”.

Ngokuzwa ngomfundisi ongena emsebenzini munye, nangomunye ophuma ebandleni asebenze kulo siyakhunjuzwa yiNkosi ukuthi ukuvuna kwayo kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana. Ukuba singadinwa noma nini ukucela eNkosini ukuba ithume izisebenzi ekuvuneni kwayo. Kanjalo masikhumbuleni njalo ikholishi lekerike lakithi kanye nabafundi bakhona

**eLutheran Theological Seminary eTshwane** kuqala ngokubonga iNkosi ngenxa yamakholishi onke eKerike ngokobuLuthere emazweni noma eTshwane, noma eMelika, noma eJalimane, noma emazweni amanye lapho kufundiswa khona abazoba ngabafundisi ngabafundisi abazibophela ukufundisa ngokwezwi lemiBhalo nezivumo zekerike ngokobuLuthere, nangokubonga ukuthi iNkosi ivuselele abasha ukuzinikela ukulungiselwa lomsebenzi, nangokucela iNkosi imihla ngemihla, ukuba ivuselele abazoya ukufundiswa khona, sicele nokuthi iNkosi ivuselele amabandla amaKerike onke asazibophele ekufundiseni

kweKerike ngokobuLuthere emazweni onke ukuba asekele umsebenzi wamakholishi akubo, nokuthi iNkosi icelwe ukuvuselela amakholwa ukukhulekela umsebenzi wamakholishi akubo, nokuwavulela izandla nezikhama zawo ukuba amakholishi aqhutshwe kahle engasweli njalo imali, nabafundi bathole abakudinga empilweni yabo, nendawo yokusebenza ebandleni nasemsebenzini wobuthunywa. UNkulunkulu uyathanda ukucelwa, futhi uthembisile ukuthi uyamukela imikhuleko yamakholwa akhe egameni likaJesu.

Kuyadingeka impela ukuba kuvuselelwe uthando ukuba kwande nabafundi bekholishi abaqhamuka emabandleni ekerike lakithi, kwande neminikelo evela emabandleni ekerike lakithi ezosekela umsebenzi wabafundisi emabandleni akithi nomsebenzi wekholishi laseArcadia.

**Ngomhlangano wabafundisi eKholishi ngoJanuary 2014**

Umbh. wekerike lakithi uDr. K. P. P. W. Weber wamema abafundisi nezisebenzi ezinye zekerike ukuhlangana ekholishi kanye noprof. Dr. Harold Senkbeil noDr. Yahnke. UDr. Harold Senkbeil wathuma emva kweviki esebuyele ekhaya eMelika kumbh. uWeber ngokubhala ukuthi: Ukufika esiqongweni sentaba kuyavuselela, kodwa asikwazi ukwakha khona. Mina noDr. Yahnke sathokozela ukufika esiqongweni sentaba enhle ngokuhlangana nani, kodwa sehla khona ukubuyela empilweni yethu yezinsuku zonke. Ngimelwe ukuvuma ukuthi kwakukhona okwasethusa kabi, mhla sabuya kini esikhathini sehlobo ezweni elihle lakini ukuzunywa ubusika ezweni lakithi ngamakhaza ayesabekayo avelile nomoya wamakhaza amakhulu aqhamuka epholi lasenyakatho. Ngenxa yezivunguvungu ezaqhamuka khona enyakatho kwalinganiswa izinga lamakhaza lathi 37$^{o}$ phansi kuka-0$^{o}$ C. Sasihlonishwe kakhulu ngokuhlangana nani ngeviki elidlule eLTS, futhi siyakhuleka ngokucela ukuba izifundiso zethu nezingxoxiso zokukhuluma nabafowenu emhlanganweni ziyakunisiza nangesikhathi esizayo emsebenzini wenu owafanekiswa nomsebenzi “wezintsha zezimvu” wokwelusa izinvumvu namawundlu kaKristu. Sesiyacela kini ukuba niphinde nibukeze enikutholile kithi, noma ngokuhlangana nabafowenu ababenani emhlanganweni. INkosi yethu ibumba ikerike layo ngendlela yokugqugquzelana ekukholweni nasothandweni ngokuhlangana nangokwamukelana. Siyacela ukuba nazi ukuthi sicejiswe ngokuhlananga nani, sesiyacela ukuba uNkulunkulu wethu womusa aninisele ngemvula yezibusiso zikaMoya wakhe oNgcwele, nokuba nigqugquzelane, nokwelusa umhlambi wakhe othandekayo ngezipho ezisilungiselwe ngokufa nokuvuka kweNdodana yakhe ethandekayo. Owenu kuyo! Harold L. Senkbeil.

Umbh. uWeber wamphendula ngokuthi: Siyabonga kuwe, Hal Senkbeil, ngeseluleko sakho esihle sothando lwakho - kuqinisile, ake sibukeze esikufundisiwe nguprof. Dr. Senkbeil noDr. Yahnke emihlanganweni yethu yezisebenzi kuzo esifundamfundisi ngokuphinda nangokuphinda. Ngithi ziyakusiza uma kuthathwa iphepha linye emhlanganweni, elinye emhlanganweni olandelayo ukulibukeza nokukhuluma ngalo. Ngithi kuningi okungakhulunywa ngakho ngomnyaka wonke we2014. Ngokwenza njalo ngithi siyakuba “nokudla” okusanelisa umnyaka wonke ukuzindla nokukhuluma ngakho.

Isibusiso sikaNkulunkulu masibe kinina nonke + nomusa, nobubele bukaNkulunkulu uBaba, neNdodana yakhe uJesu Kristu ophilayo, ebusa kanye noMoya oNgcwele, namuhla, kuze kube phakade. +